**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE YOKUPHENDULA ISOYI LESIKHUNGO SEZITHUTHI ZOMPHAKATHI OLUNDI MHLAKA 16 OCTOBER 2008**

**Ngiyanibingelela nonke.**

- KwaZulu-Natal naseNingizimu Afrika yonke, sisabhekene nesimo lapho ukuhlelwa kwamadolobha kwaphambilini bekungazihlinzeki ngokwenele izithuthi zomphakathi. Lona kusengumsebenzi omasipala bethu okumele bawubheke ekuhleleni ukusebenza kwezithuthi zomphakathi, ekuthuthukisweni kwengqalasizinda nasekusetshenzisweni komhlaba.

- Njengohulumeni, siyabazi ubukhulu bomsebenzi osihlalele nesibopho esinaso sokuqinisekisa ukuthi uhlelo lwezokuthutha umphakathi luhambisana nemigomo kwazwelonke futhi lube negalelo ekuthuthukisweni nokukhuliswa komnotho.

- Ngakho-ke, ukuphendulwa kwesoyi lokwakhiwa kwesikhungo sezithuthi zomphakathi namhlanje kufakazela kona ukuzibophezela kwethu njengohulumeni, ekwakhiweni kohlelo lwezokuthutha umphakathi olusebenza kahle ngesikhathi esifanele, noluhambisana ngokuphelele nezidingo zabantu bakithi.

- UMnyango uyasuka ohlelweni lokwakha amarenki ngokwehlukana awamabhasi nawamatekisi. Manje sifuna ukuqinisekisa ukuthi zonke izithuthi zididiyelwa esikhungweni esisodwa. Lokhu kuzosiza ukugqugquzela ukusetshenziswa kwezithuthi zomphakathi esifundazaweni, kuzosiza kakhulu futhi nabagibeli.

- Kwenziwe isivumelwano sokubambisana phakathi koMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal noMasipala wasoLundi. UMnyango uzibophezele ngokufaka izimali zokwakha isikhungo. Umasipala wasoLundi uzibophezele ekunikeleni ngomhlaba bese ugcina isikhungo sisesimweni.

- Ezokuthuthwa komphakathi zingathuthuka kuphela uma sisebenza ngokubambisana. Nakuba kuyiqiniso ukuthi uhulumeni unomsebenzi wokubeka imithetho elawula imboni nokuqinisekisa ukuthi imigomo iyalandelwa, imiphakathi nayo kumele iqinisekise ukuthi abanikazi bemboni basebenza ngendlela evumelana nabagibeli.

- Kumele zishayelwe ihlombe izinyathelo esizithathayo njengezinhlaka ezibambe iqhaza nemiphakathi yonkana okuwumnikelo wethu emsebenzini wokwenza ngcono ezokuthuthwa komphakathi.

- Ukuvulwa nokuphendulwa kwamasoyi emigwaqo namabhuloho esikwenzayo esifundazweni sonke kufakazela kona ukuthi ngempela sinomsebenzi obalulekile esibhekene nawo wokuguqula izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal.

- Ngithanda ukugcizelela ukuthi uma siletha le misebenzi sikwenzela umphakathi ngaphandle kokubheka ukuthi ngowaliphi iqembu lepolitiki. Sesiyazi ukuthi kwezinye izindawo kukhona abasebenzisa ubuqembu ekuletheni izidingo.

- Njengomphakathi kumele ningavumi ukusetshenziswa ngosopolitiki nezisebenzi zikahulumeni ezisebenzisa ubuthaka benu ukuzihlomulisa zona kwezepolitiki.

- Ngenkathi kungena uhulumeni wentando yeningi ngo-1994, inselelo esibhekane nayo akubanga nje ukulungisa ukungalingani kwaphambilini kuphela, kodwa kudingeke sibhekane nezinselelo ezilethwa ubugebengu, ingculazi, ububha, ukuntuleka kwemisebenzi nokunye. Yingakho sibe sesizibekela umgomo wokuthi senze impilo engcono kubantu bonke.

- Nokho-ke, impilo engcono ayikwazi ukuvele iqhamuke ngaphandle kwesisekelo. Kumele isekeleke ngaphansi kwezimo ezithile okuwuxolo, intando yeningi nentuthuko.

- Sengiphetha, njengohulumeni sisebenza kanzima ukuqinisekisa ukuthi amalungelo ezingane kwezenhlalo-mnotho njengoba ebekwe kuMthethosisekelo wethu, kuhlanganisa ilungelo lemfundo, elezempilo, elokunakekelwa nokwesekwa ayahlonishwa futhi abekwa phambili.

- Ngakho-ke nginokuziqhenya nokujabula namhlanje ngokuthi ngidlulisele ngamakhompyutha ayishumi kubafundi baseNsikayendlu.

- Njengohulumeni sizoqhubeka nokwenza konke okusemandleni ukusiza imiphakathi yakithi kulezi zinselelo ebhekene nazo ezindaweni zayo.

**Ngiyabonga**